**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO IMBALANE EMUDEN NGOLWESIHLANU MHLAKA 15 JUNE 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kuhlale kusijabulisa ukuthi sibe nemicimbi yokuphendula isoyi njengoba silapha eMuden namhlanje. Phela uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uthatha ukwakhiwa kwamabhuloho nemigwaqo njengomgogodla ekwakhiweni komnotho, hhayi wesifundazwe sethu kuphela kodwa ezweni lonke.

- Ukwakhiwa kwebhuloho iMbalane kwenzeka ngesikhathi lapho silungisa izimo zokuncishwa amathuba kwabantu baseMsinga kusuka ngasekupheleni kweminyaka yo-1800 ngenkathi amaZulu eqonelwa izwe lawo umbuso wamaNgisi. Abantu bakule ndawo babezimele beziphilisa ngokuzikhiqizela ukudla nemfuyo ebanelisayo.

- Ngesikhathi sobandlululo, izinto zaba nzima kakhulu ngenkathi ohulumeni bobandlululo besusa abantu bebayisa ezindaweni ezingavumi kahle ukuthi kulinywe kuzona. Kwaqala kwaba nokuncintisana okushubile ngomhlaba nokunye okuyizinsiza ezibalulekile, okwaholela ekushayisaneni kwemiphakathi kwagcina ngezimpi ezazigqugquzelwa nangamasu obandlululo okuhlukanisa abantu ukuze ubabuse, esithi 'divide and rule'.

- Kukhona ibhuloho lezinyawo elakhiwa eminyakeni edlule elinqamula iMooi River lapho kuwela abantu abaya eMuden naseGreytown. Nokho, ngenxa yokunganakekelwa kahle, leli bhuloho selisesimweni esibi ngendlela yokuthi akusaphephile ukulisebenzisa.

- Usihlalo we-RRTF yaseGreytown usitshele ukuthi kunamalungu omphakathi asalahlekelwa izimpilo zawo ngenkathi esebenzisa ibhuloho lezinyawo.

- Ngakho-ke sihlangene lapha namhlanje ukuzofeza isethembiso esenziwa uMnyango wami eminyakeni emithathu edlule. Ngonyaka wezimali ka-2003/04, i-RRTF yaseGreytown yaqoka ibhuloho iMbalane njengenye yezinto eziphambili ezidingekayo kule dawo.

- Ngemuva kwalokhu, owayenguNgqongqoshe wezokuThutha uMhlonishwa uS’bu Ndebele wahambela le ndawo lapho afike waqinisekisa ukuthi ngempela liyadingeka ibhuloho.

- Leli bhuloho elizokwakhiwa lizokuba umzila owodwa wezimoto ongamamitha amahlanu ububanzi, ubude balo obungamamitha angu-80.

- Ukubunjwa kwezinsika zikakhonkolo njengamanje kusohlelweni lokukhishwa kwethenda kanti kulindeleke ukuthi umsebenzi uqale ngoJuly 2007. Ukugxumekwa kwazo izinsika kuzokwenziwa ngosonkontileka abaqeqeshiwe kulo msebenzi.

- Umsebenzi wokwenza ukhonkolo nokumba lapho kuzoxhunywa khona ibhuloho kuzokwenziwa ngosonkontileka bakaVukuzakhe ababhalise ngaphansi koMnyango. Le misebenzi izokwenziwa ngosonkontileka ababili abaku-Stage 2 nababili abaku-Stage 3.

- Ilinganiselwa ku-R7 million imali ezofakwa kulo msebenzi kanti kulindeleke ukuthi uphothulwe ekuqaleni konyaka ka-2008.

- Lo msebenzi uzoshintsha izimpilo zabantu bakule ndawo njengoba ibhuloho:

- Lizokwenza izimoto zifinyelele ngokuphepha endaweni yomphakathi;
- Lizosiza abahamba ngezinyawo ikakhulu izingane zesikole;
- Lizokwenza lula amathuba okuhweba emphakathini;
- Lizodala amathuba okuthuthuka kwezolimo emphakathini;
- Lizokwenza lula ukufinyelela ezindaweni zamabhizinisi eziseduze njengaseGreytown.

* Mangithathe leli thuba nginifisele nonke uSuku lweNtsha oluhle. Sengathi ugqozi nokuba nombono okwakhonjiswa yintsha yakithi eminyakeni engu-31 edlule ngoJune 16, 1976, kungasigqugquzela sonke ngenkathi sizama ukuletha injabulo SIVIKELE ABABUTHAKA entsheni nakubantu bakithi jikelele.

**Ngiyabonga.**